

USARS ne-DTIC banikele ngenqwaba yezingubo zokugqoka, ezokulala nezicathulo obekubanziwe kulabo abayizisulu zezikhukhula

Tshwane, 8 kuNhlanguana 2022 - USARS noMnyango Wemboni Yokuhweba Nokuncintisana (i-DTIC) basebenzisane ngokubambisana benikela ngenqwaba yezingubo zokugqoka, ezokulala nezicathulo obekubanziwe kulabo abayizisulu zezikhukhula ezifundazweni KwaZulu Natali (KZN), Eastern Cape, North West nase-Free State.

Uhlelo olwaziwa nge-Project Sizani (We all Help), Iwaqala ukusebenza emva kwesimemezelo esenziwa nguMongameli Cyril Ramaphosa ngesimo senhlekelele ephendula ezimvuleni ezinamandla nezikhukhula ezenzeke ezifundazweni e-Eastern Cape, North West, Free State naKwaZulu Natali.

USARS waba nombono wokuthi izingubo zokugqoka, ezokulala kanye nezicathulo okukhona okwakubanziwe, okulawulwa uMthetho Wehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, uMthetho 91 wezi-1964, olawulwa uSARS, kanye noMthetho Wezimpahlambumbulu, olawulwa yi-DTIC, kanjalo nesivumelwano sangowezi-2009 nesangowezi-2020 ze-NEDLAC, okuthi izimpahla ezibanziwe kumele zishatshalaliswe ukuze kugwemeke ukuphazamiseka emakethe yaseNingizimu Afrika.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi uSARS, ngokwawo, awukwazi ukwenza umsebenzi omkhulu kangaka ngokomthetho-nqubo noma ngendlela yokusebenza. Ukuze lokhu kwenzeke, bekudingeka ukuhlanganiswa kokuxhumana nokugunyazisa okwenziwa ababambiqhaza ababalulekile kuhulumeni nangaphandle, kanjalo nokubandakanyeka kwabo ngqo.

Lokhu kubandakanya "ukuchezuka okungeke kuphindwe" esivumelwaneni se-NEDLAC, njengoba kuvunyelwene emhlanganweni nababambiqhaza embonini yezindwangu zempahla yokugqoka, izicathulo kanye nezikhumba (i-CTFL) ukuze kwenzeke lokhu kunikela ngezimpahla ezithile ze-CTFL ezishaqwe zadliwa uSARS ukuze uzinike izisulu zezehlakalo zesimo esimbi sezulu kuMbasu 2022.

Ukwenziwa komsebenzi

Ukwenziwa komsebenzi kuholwa ithimba i-Governance Task Team (GTT), elisungulelwelo lokhu. Leli thimba lisebenza ngokubambisana neKomidi Lokuphathwa Kwezinhlakelele Kuzweloneke ukuze kutholakale ulwazi nomkhombandlela ezindabeni ezifana nalezi, kanjalo nokuqondanisa imizamo yeminikelo yeziimpahla nomklamo omkhulu oholwa uhulumeni. I-GTT inesibopho sokuqapha ukuhamba kwenqubo nokuqinisekisa ukuthi iziimpahla ezinikeliwe ziyaziwa ukuthi zinekelwe kubani. Ukwabiwa kwalezi ziimpahla kuqashwe ngeso lokhozi ngokusebenzisana ezingeni eliphansi noMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi (i-DSD) kanye nezindawo zokukhosela ezihlalise abantu okwamanje.

Imibono evela eHhovisi Likandunankulu eKZN yasetshenziselwa ukwakha uhlelo lokusebenza uma sekwenziwa lo mnikelo, olubeka imigomo ebusa le nqubo yokunikela efana nobungako uma kuqhathaniswa nesibalo esiqinisekisiwe sabantu abantulayo, kanjalo nezinqubo yokubusa ukuve kuvikeleke bonke abathintekayo ekunikeleni.

Phezu kwalokho, uMnyango Wokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zendabuko (i-COGTA) esifundazwen, ngezinhlaka zaho zokuphatha izinhlekelele, ubambe ihaza lokuhola amalungiselelo enqubo yokunikela, kwathi ukubandakanyeka kwenyunya kanye nemboni ye-CTFL, njengababambiqhaza abakhulu, kubonakale kunedingo kusinyathelo nesinyathelo somklamo ukuze kuqashwe izinqubo kuphinde kuqinisekisiwe ukuthi ubungozi obunase bulimaze ibhizinisi lakuleli buyanqandwa. Inhlangano yaseNingizimu Afrika Yabalawula Imikhumbi nezisebenzeli i-South African Association of Ship Operators and Agents (SAASOA) ilekelele ngokuthuthwa kweziqukathi ziye kusigcinampahla eDurban, lapho iziimpahla zizokwabelwa khona.

Uhlelo lokulinga

Ngenxa yesidingo esikhulu sezingubo zokulala eThekwini, ukuqala kokusebenza kohlelo lokulinga lweminkelo luqale ngesonto eledlue eKZN. Ngesikhathi sohlelo lokulinga oluyizinsuku eziyisikhombisa, zilinganiselwa ku-1612 izingubo zokulala ezinekelwe kuzisulu zezikhukhula ezindaweni zokufihla ikhanda eziseThekwini, njengoba zihlonzwe yiHhovisi Likandunankulu eKZN. Sezisonke izingubo

zokulala/amaduvethi eziyizi-35 806 ezishaqiwe zibekelwe ukwabiwa ziysiswe ezindaweni ezithintwe inhlekelele ezweni.

Inqubo yokuxhumana ne-Eastern Cape ne-North isiqalile kanti kuhloswe ukuthi isetshenzwe ngendlela efanayo neyase-KZN.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter ubonge yonke iMinyango kaHulumeni esebebenzisane nathi ukwenza lo mnikelo omkhulu kangaka ukulekelela izisulu zezikhukhula. Uthe, “Sethemba ukuthi lesi senzo sobuhle sizokwenza umehluko omkhulu ekuhluphekeni okulethwe yilesi sehlo sendalo esingalindelekile. Izinguo zokulala, ikakhulukazi manje ebusika, zizokwenza umehluko kubo bonke”.

- Ngemibuzo noma izinhlolovo, sicela uxhumane ne SARSmedia@sars.gov.za
- Ukuhlela ukuthi uthole ithuba lokuthola isithombe, sicela uxhumane noMhlaba Memela, isikhulumi soMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi eKZN kuleli kheli mhlaba.memelazamo@kzndsd.gov.za.